

Need an amazing tutor?

www.teachme2.com/matric



Collected and collated by

teachme2



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

NOVEMBA 2021

UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

AMAMAKI: 80

Lo mhlahlandlela wokumaka unamakhasi ayi-8.

A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA

INDLELA YOKUMAKA:

1. Ngenxa yokuthi sigxila emqondweni wempendulo; ukungabhaleki kahle kwamagama namaphutha olimi sikushaya indiva/asikunaki ngaphandle uma kuthinta umqondo wempendulo yonke. Amaphutha kumele omakayo awatshengise ngezimpawu ezisetshenziswayo uma kunamaphutha.
2. Uma umfundi esebenzise amagama angekho olimini ahlolwa ngalo, lawo magama ngeke anakwe uma ngabe impendulo ayibhalile inomqondo ophelele. Uma kunegama elithathelwe kolunye ulimi embhalweni onikeziwe noma kudingeka ukuthi impendulo inike lona, lokho kuyovumeleka.
3. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengoYEBO/CHA noma ANGIVUMI/NGIYAVUMA azinikwa amamaki kodwa yindlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
4. Imibuzo edinga izimpendulo ezinjengo-IQINISO/AKUSILO IQINISO noma UMBONO/IQINISO azinikwa amamaki kodwa yindlela umfundi asekela ngayo ethola amamaki.
5. Uma impendulo iyigama elilodwa kodwa umfundi abhale umusho wonke, umfundi uthola amamaki uma edwebele impendulo noma eyikhombise ngandlela thize.
6. Uma impendulo idinga amaphuzu amabili/amathathu kodwa umfundi abhale angaphezulu kwalokho kumakwa amaphuzu amabili/amathathu okuqala okunye kungabe kusanakwa.
7. Umfundi uyanikwa amamaki uma esebenzise ulimi lwesigodi empendlweni yakhe.
8. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe, uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje:

A. UThoko/A (okuwuhlamvu oluhambisana nempendulo)

UMBUZO 1

- 1.1 1.1.1 Ukubekezela.✓ (1)
- 1.1.2 Okunye kwalokhu:
Libuyisa ithemba.✓/Limnika ithemba✓/Limqinisa idolo✓ (1)
- 1.1.3 OKUTHATHU kwalokhu
- Ukuvuka ekuseni kakhulu, baye esikoleni babuye ntambama sekushone nelanga. ✓/
 - Ukuhamba amabanga amade beya esikoleni.✓/
 - Ukubulawa amakhaza asebusika, benethwe yizimvula zasehlobo ngenxa yokungabi nazo izimpahla zokwembatha ezifanele leso simo sezulu.✓/
 - Ukuvuka bengazi ukuthi bazodlani.✓ (3)
- 1.1.4 (a) B✓/Ukukhuthaza.✓ (1)
(b) C✓/Ibanga leshumi nambili.✓ (1)
(c) D✓/Izingubo zokugqoka.✓ (1)
(d) A✓/Ukubamba iqhaza.✓ (1)
- 1.1.5 OKUKODWA kwalokhu:
- Ekhaya.✓/
 - Emsebenzini.✓/
 - Ezikhungweni zemfundo ephakeme.✓ (1)
- 1.1.6 B✓/Akudlalwa. ✓ (1)
- 1.1.7 Kusho ukuthi ukubekezela yiyona ndlela esinganqoba ngayo isimo esinzima.✓✓
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
- 1.1.8 Okubili kwalokhu:
- Ukubekezela. ✓/
 - Ukuqhubeka nesikole. ✓/
 - Ukubamba amatoho ngezimpelasonto .✓/
 - Ukudayisa izinto ezithile.✓/
 - Ukuya kwabezenhlalakahle ukuze bathole usizo kuhulumeni.✓
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
- 1.1.9 OKUKODWA kwalokhu:
- Ukubafundisa ukuba bakwazi ukubhekana nobunzima uma sebekhulile. ✓✓/
 - Ukubalungisela impilo yakusasa. ✓✓/
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
- 1.1.10 Umuntu ufundiswa izinto ezinhle esemncane. ✓✓ (2)

- 1.1.11 Bavula amathuba amaningi emisebenzi. ✓ (1)
- 1.1.12 OKUKODWA kwalokhu:
 • Ukuphatheka kabi emsebenzini. ✓✓
 • Ukuhola imali encane. ✓✓
 • Ukusebenza ngaphansi kwezimo ezinganelisi. ✓✓
 (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
- 1.1.13 • Kuyahlangana ngoba uma abantwana bengenakho ukuzethemba kungonakala okuningi okuyikusasa lesizwe. ✓✓

NOMA

- Akuhlangani ngoba ikusasa lesizwe alilele kubantwana kuphela ziningi ezinye izinto ezingabhekwa ukuze ikusasa lesizwe lingafi. ✓✓
 (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
- 1.2 1.2.1 Bathathu. ✓ (1)
- 1.2.2 B✓/Bakhombisana okuthile. ✓ (1)
- 1.2.3 Okukodwa kwalokhu:
 • Bafuna ukuzivikela emakhanda. ✓✓ (2)
 • Balandela umthetho wezinkontileka. ✓✓
 (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi)
- 1.2.4 Ubulili besifazane nobesilisa bumelelekile/buyatholakala esithombeni. ✓✓
 (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2**

	Amaphuzu acashuniwe		Amaphuzu alindelekile
1.	'Uma singalali ngokwanele kunganyuka izinga lezifo emizimbeni yethu.'	1.	Ukungalali kukhuphula izinga lezifo emzimbeni wakho.
2.	Ikhono labantu abasha lokuxazulula izinkinga (problem solving) lehle kakhulu.	2.	Kungadala ukuthi abantu abasha bangabi naso isisombululo uma bebhekene nezinkinga ezimpilweni zabo.
3.	'Uma ungalali ngokwanele ungaphinde ube nenkinga yesisindo esiphezulu somzimba.'	3.	Uma ungalali ngokwanele isisindo somzimba siyanyuka kakhulu.
4.	Okunye okungaba yinkinga ukuvuka umzimba ukhathele.'	4.	Umzimba awukutholi ukuphumula uvuka ukhathele njalo ekuseni.
5.	'Abantu abangalali ngokwanele baba nolaka kwabanye abantu.'	5.	Uba nokucasukela abanye abantu bengenzanga lutho kuwe.
6.	'Abanye baphelelwa umsebenzi ngenxa yokungalali ngokwanele.'	6.	Abanye abantu bayaxoshwa uphele nya umsebenzi wabo.
7.	'Ukungalali kudala ukuthi umuntu enze izingozi emgwaqweni.'	7.	Wenza izingozi eziningi ezingafani.

Ukumaka kubhekela ukuhlungwa kwamaphuzu adingwa ngumbuzo ngokwethekisthi.

Ukufingqa kufanele kumakwe kanje:

- **Amamaki azocazwa ngale ndlela:**
 - Amamaki ayisi-7 ngamaphuzu ayisikhombisa (imaki elilodwa ngephuzu).
 - Amamaki ama-3 (olimi).
 - Amamaki esewonke ayi-10.
- **Ukwabiwa kwamamaki olimi uma umfundi engacaphunanga ngqo:**
 - Kusuka ephuzwini elilodwa (1) kuya kwamathathu (3), umfundi unikwa imaki elilodwa.
 - Kusukela kwamane (4) kuya kwamahlanu (5), umfundi unikwa amamaki amabili.
 - Kusukela kwayisithupha (6) kuya kwayisikhombisa (7), umfundi unikwa amamaki amathathu.
- **Ukwabiwa kwamamaki olimi uma umfundi ecaphune ngqo:**
 - Amaphuzu ayi-6 kuya kwayisi-7 Akaklonyeliswa lutho ngemaki lolimi.
 - Amaphuzu ama-4 kuya kwama-5 Ukaklonyeliswa ngemaki eli-1 lolimi.
 - Amaphuzu ama-2 kuya kwama-3 Uklonyeliswa ngamamaki ama-2 olimi

- **QAPHELA:**

- **Isibalo samagama:**

- Abamakayo kumele baqinisekise inombolo yamagama asetshenzisiwe.
 - Amamaki awangasuswa uma umfundi engalibhalanga inani lamagama noma elibhale ngendlela engafanele.
 - Uma inani lamagama leqile kwafanele, funda ugcine kwamahlanu kuphela bese okunye okungaphezu kwenani elimisiwe ungabe usakunaka.

- **QAPHELA:**

- **Isibalo samagama:**

- Abamakayo kumele baqinisekise inombolo yamagama asetshenzisiwe.
 - Amamaki awangasuswa uma umfundi engalibhalanga inani lamagama noma elibhale ngendlela engafanele.
 - Uma inani lamagama leqile kwafanele, funda ugcine kwamahlanu kuphela bese okunye okungaphezu kwenani elimisiwe ungabe usakunaka.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI**INDLELA YOKUMAKA****1. ISIPELINGI/UBHALOMAGAMA:**

- Izimpendulo eziyigama elilodwa azinikezwe amamaki noma kunephutha ekubhalweni kwegama ngaphandle uma kushintsha umqondo wegama.
 - Uma izimpendulo zingumusho ophelele; abafundi mabaphucwe amamaki uma iphutha liphathelene nokusetshenziswa kolimi.
 - Uma impendulo ifuna izifinyezo; makusetshenziswe uphawu olufanele lokubhala/lokuloba.
2. Ukwakhiwa kwemisho makwenziwe ngendlela, kusetshenziswe ulimi olufanele, kulandelwe imiyalelo yombuzo.
3. Emibuzweni lapho umfundi ekhetha impendulo kwazinikiwe, uyawathola amamaki uma ebhale impendulo ephelele kanje: A. UThoko noma A (okuwuhlamvu oluphelele)

UMBUZO 3

- 3.1 Ufuna. ✓ (1)
- 3.2 Izinhlelo zokukhokha ezihambisana nephakethe lakho zikhona. ✓✓ (1)
- 3.3 Sineminyaka elishumi. ✓ (1)
- 3.4 A✓/Sifonele. ✓ (1)
- 3.5 Ukuze sihehe amakhasimende noma abantu abafuna ukwazi kabanzi ngale ndawo✓✓/Ukuze kusheshe kubonakale ukuthi indawo ikhangisa ngani. ✓✓ (2)
(Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.)
- 3.6 Okubili kwalokhu: (2)
- Indawo yezithombe. ✓/
 - Ukudla. ✓/
 - Ukulala. ✓/
 - Ukushada. ✓
- 3.7 Izimpendulo ziyokwehluka: (2)
- Ukuze ahehe abathengi. ✓✓/
 - Ukuze amakhasimende akwazi ukubona uhlobo lwendawo/ okutholalakalayo/nokunye. ✓✓
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi.) (2)
- [10]**

UMBUZO 4

- 4.1 Leli zinyo. ✓ (1)
- 4.2 Liyachaza✓/Liyaphawula ✓/Liyachasisa✓. (2)
- 4.3 Dkt.✓ (1)
- 4.4 B✓/Ukuphila.✓ (1)
- 4.5 A✓/Imali eningi.✓ (1)
- 4.6 Ukudinwa. ✓/Ukucasuka.✓ (2)
- 4.7
- Ngiyaphikisana ngoba udokotela angazama yonke imizamo kepha isiguli singasindi ngoba kusuke sekuyisikhathi esidalelwe ukuthi sidlule emhlabeni. ✓✓/

NOMA

- Ngiyavumelana ngoba lokhu kungenza ukuthi odokotela basebenze ngokuzimisela ukuze iziguli zisinde bese bethola inkokhelo noma imali. ✓✓
- (Nokunye okunembayo okuyoshiwo umfundi) (2)

[10]**UMBUZO 5**

- 5.1
- 5.1.1 Umfundi. ✓ (1)
- 5.1.2 Imi-✓ (1)
- 5.1.3 Ekuseni.✓ (1)
- 5.1.4 Hhayi-ke inyanga kaNovemba basuke sebengasafisi lutho. ✓✓ (2)
- 5.1.5 Bejabuliswa.✓✓/Bethokoziswa.✓✓/Bejatshuliswa.✓✓ (2)
- 5.1.6 C✓/Abantu abaningi.✓ (1)
- 5.1.7 Ngizosebenza✓✓ (2)
- 5.1.8 Bona.✓ kude.✓ (2)
- 5.1.9 Indlukazi.✓✓ (2)
- 5.2
- 5.2.1 **Ezimbili.**✓/Ezim-✓ (1)
- 5.2.2 Wakho.✓ (1)
- 5.2.3 Ipeni.✓✓ (2)
- 5.2.4 Bha.✓ (1)
- 5.2.5 Konke.✓ (1)

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 40
AMAMAKI ESEWONKE: 80